


INGEDE

May 2012, Vol. 15, No.2

UKUTHATHA ISAMPULA LOMHLABATHI



Ngu William Gillespie
(Umeluleki wezomoba: SASRI)

Ukuthatha isampula lomhlabathi isinyathelo sokuqala nesibalulekile ekukhiqizeni umoba onenzuzo.

Ama-sampula omhlabathi angenziwanga noma angathathwanga kahle ayimbangela yemiphumela engemihle yokuhlolwa komhlabathi. Ukuze imiphumela yokuhlolwa komhlabathi ikwazi ukusebenziseka noma yikuphi, kufanele i-sampula lomhlabathi litshengise ngokuqondile isimo nobunjalo bensimu.

Kungani kufanele uthathe isampula lomhlabathi?

Ufuna ukwazi lokhu okulandelayo:

- Uhlobo lukamanyolo ozolusebenzisa
- Ubungako bukamanyolo okumele uwufake

Uwuthatha nini umhlabathi?

Isampula lomhlabathi ungalithatha nganoma isiphi isikhathi sonyaka. Kubalulekile ukuthi uqaphele isikhathi sokuhlala ukuze wenze amalungiselelo, bese uthatha isampula lomhlabathi uma uqeda ukuhlala. Uma uthathe isampula lomhlabathi etshalweni uyobuyelwa imiphumela yetshalo kanye namahlumela amathathu.

Indlela efanele yokuthatha isampula lomhlabathi

Indawo/Insimu ezohlolwa:

- Uma umhlabathi wakho ungafani, qinisekisa ukuthi insimu yakho uyehlukanisa ngokomhlabathi.
- Gwema imigwaqo emidala noma lapho kulahlwa khona umanyolo

OKUQUKETHWE



Amasu asemqoka:
Imisebenzi okumele yenziwe kulezinyanga ezine ngokulandela izeluleko zakwa SASRI.



Ukukhuthaza itshalo nehlumela: Izindlela zokukhuthaza itshalo nehlumela nezikhathi okume kwenziwe ngazo.



Ulusha nezolimo: Izeluleko ezivela kumlimi osemusha entsheni ngokukhiqizwa komoba

Ngiwuthatha ngani umhlabathi?

Insimbi esampondo zebhayisikili iBeater auger



Ibhokisi eliluhlaza lwakwa-FAS. Ifomu lakwa-FAS lokugcwalisa imininingwane



← UKUTHATHWA KWESAMPULA

- Ukujula kokuthathwa kwesampula lomhlabathi kumele kube wu-20cm. Kungakho kubalulekile ukusebenzisa insimbi yokuthatha isampula ngoba yakhelwe ukuthi ikwazi ukujula igcine ku-20cm.
- Hamba ugwincize ensimini njengoba umfanekiso ubonisa ngezansi. Thatha amasampula angu 25-30 ensimini uqale ekhoneni uze uyofika ekupheleni kwensimu.

• Hlanganisa kahle isampula esikhwameni ngaphambi kokuba ulifake ebhokisini lesampula. Umhlabathi osele esikhwameni ungachithwa.

• Gcwalisa yonke imininingwano yakho kwi-fomu bese ubhala nebhokisi lesampula. Kwi-fomu elilodwa ungakwazi ukubhalisa imininingwano yamasampula ayishumi.

• Thumela ibhokisi eliphethe inhlabathi yesampula kanye nefomu kwa-FAS.



OKUNYE OKUBALULEKILE

- Qinisekisa ukuthi umlomo wensimbi ayinamhlabathi
- Uma ufaka isaka iba nesiqiniseko sokuthi ulibophe kahle lingaphumi.
- Uma uthatha umhlabathi, thatha ukushona phansi kube wu-20cm.
- Zama ukungathathi umhlabathi uma liqeda ukunetha noma uma uqeda ukunisela.

• **UMA IBUYA IMPHUMELA SEBENZISA IZINCOMO ZABAKWA-FAS** (isibalo samasaka nohlobo lukamanyolo)

• **XHUMANA NOMELULEKI WAKHO UKUZE AKUSIZE UKUTHATHA ISAMPULA LOMHLABATHI AKUCHAZELA NGEZINCOMO ZAKWA-FAS UMA SEZIBUYILE**

• **UNGAKHOHLWA: UYONGA IMALI NGOKUSEBENZISA UFAS UHLOLE UMHLABATHI**



MAY / NHLABA

• **Qala ukuthatha amasampula omhlabathi kumahlumela akho.**

Uma sekuyisikhathi sokuthi uthathe kabusha isampula lomhlabathi ensimini yakho noma wawungalithathanga ngenkathi utshala, yiso isikhathi lesi sokuthi uqale ulithathe esimobeni osusihlahlile. Thatha isampula ngokukhulu ukushesha emva nje kokuhlala ensimini. Loku kuzokukusiza ekutheni kuthi kushaya isikhathi sokufaka umanyolo entwasa-hlobo, ube sewazi inhlobo kamanyolo nesibalo samasaka osidingayo futhi usuwuthengile.



• **Hlela ukunisela kwakho kwasebusika kuhambisane ngesikhathi.** Ukunisela kwasehlobo nokwasebusika akufani. Umthamo wamanzi owafakayo kanjalo nokuqhelelanisa izikhathi zokunisela akufani ebusika nasehlobo. Enza uhlelo lwakho ukuze ukunisela kwakho kube okuyiko.

• **Hlonipha noma landela imigomo ebekiwe yendawo yenu emayelana nokushisa umoba. Kunemigomo ebekiwe yokushiswa komoba kwindawo nendawo.** Qinisekisa ukuthi uma ungayazi lemigomo uyayifuna kumeluleki wakho wezomoba. Uma usuyazi, qinisekisa ukuthi uyayilandela ukugwema umonakalo ongadalwa ukushisa budedengu.

A

JUNE

• **Ingabe usuwazile amabhokisi omlilo.** Ubisi khathi se ngakhoke q kisa ukuthi a hande omlilo (breaks) ow ekuqaleni ko uwagcina e zekile ngaso isikhathi uku ma ukusha k moba ngen Uma uhlanza gawahlakuli komhlabathi

• **Qala uthenga** Thenga uma wufaka. Loku uma usuding ungagcina u uyabambeze

• **Maphakathi-akho ukubhe** ukuthi uyawa khona ukuze isithwathwa, ukwenza uku

Umanyolo wokukhuthaza

Ukuze umoba ukhule kahle kumele uthole umsoco owenele. Ngalokhoke kumele emva kokutshala noma sekuhlaliwe ufake isikhuthazi.

Etshalweni

Uma izincomo zakwa SASRI (FAS) zikhomba ukuthi kudingeka ukalika, kumele ufakwe kusasele emasonto ayisithupha (6) ngaphambi kokuba utshale. Lokhu kusiza izimpande ukuthi zikwazi ukuhluma zimuncu umsoco nomswakama enhlabathini ngale kokuphazamiswa ubumuncu bomhlabathi. Kubaluleke kakhulu ukufaka umanyolo onomsoco wezimpande (Phosphorus) esiseleni uma utshala. Umsoco wezimpande uqinisekisa izimpande ezinde futhi ezinempilo.



Umfanekisi 1: Utshengisa umanyolo ofakwe esiseleni ngenkathi yokutshala.

Ukukhuthaza itshalo

Ukuqinisekisa ukuthi itshalo likamoba likhula kahle, kumele ulikhuthaze ngokufaka umanyolo ngemumva kwamasono ali-10 kuya kwali-12. Umoba mawube nobude obuthi mabufike edolweni ngesikhathi ukukhuthaza ngemisoco isikhuthaza-khaba (Potassium) nowamaqabunga (Nitrogen).



Umfanekisi 2: Utshengisa umanyolo ofakwe ukukhuthaza itshalo.

MASU ASEMQOKA



Ngqongqozi Phewa
(Umeluleki wezomoba: SASRI)

/ NHLANGULANA

hlan-
ande
usika
milo
inise-
amab-
o (fire
enze
nyaka
hlan-
sonke
ugwe-
kwezi-
gozi.



noma ulungisa amabhande omlilo, ungoba loku kungaholela ekugugulekeni kodwa wasike noma uwashise.

Umanyolo bese uhlelela ukuwufaka. Umanyolo ngaphambi kwesikhathi sokuba kuyakusiza ekutheni ungabambezeleki ngokufaka. Uma uthenga usujahile ngasayitholi inhlobo oyidingayo, bese ukhetha.

Ungqongqozi - Ingabe uyawahlola amasimu ngokufaka umonakalo wesithwathwa. Qinisekisa ukuthi uhlola amasimu akho lakunesithwathwa ngokufaka uma kunomonakalo obekhona odalwe ngokufaka, ukwazi ukufuna izeluleko ngokumele ukufaka ngokufaka ukulahlekelwa okukhulu.

JULY / NTULIKAZI

Ilwa nokhula lwasebusika. Isimoba esitshalwe sekudlule isikhathi ngabo January/February/March ezindaweni ezingenayo inkasa kufika ubusika umoba ungakambozi. Lamasimu angambozile aba nenkinga yokuhlaselwa ukhula ubusika bonke. Ungaluyekeni lolukhula uthi uyoze ulubulale entwasa-hlobo, yilwa nalo ngoba luyawenza umonakalo. Zikhona izinhlobo zezibulalakhula ezihambelana nokubulala ukhula ngalesikhatho sonyaka.



Lungisa izigubhu zakho zokufaka umanyolo nophoyizeni. Izigubhu zokufaka umanyolo nophoyizeni kumele zilungiswe manje zibe sesimweni sokusebenza ukuze masuqala ukufaka umanyolo no phoyizeni, ungabambezeleki.

Hlolela isifo uMbasha (RSD) kwizinkulisa-mbewu zakho. Isifo uMbasha siyinkinga kakhulu, singaholela ekutheni imbewu yakho ingaphasiswa/ifeyiliswe ukuba kutshalwe ngayo uma inkulisa-mbewu yakho isihlaseleke kakhulu iso. Ukuhlola ngalesikhathi kuyasiza ukugwema lokhu - abe-Zifo ne-Zinambuzana bayakusiza ukuhlolola lesisifo.

AUGUST / NCWABA

Qala ukufaka umanyolo ehlukeni uma usogwini. Isikhuthaza kumele sifakwe ngokushesha emva nje kokuhlahla uma uhlahle izimvula / umswakamo usukhona ngoba isitshalo sidinga umsoco ukuze sihlume kahle nangokushesha. Ogwini, izimvula nokushisa kusuke sekukhona ngalenyanga (August) ngakho kuyisikhathi esihle ukuba ufake isikhuthaza emobeni ohlahlwe manje nohlahlwe ebusika. Landela izincomo zakwa SASRI-FAS uma ufaka umanyolo.




Qala ukutshala kwasentwasa-hlobo - uma izimo zivuma. Uma izimvula zokuqala seziqalile nokushisa sekukhona, qala ukutshala kwakho. Lesi isikhathi esisincima kakhulu sokuqala ukutshala ngoba umoba otshalwe ngalesikhathi uyasimama, usheshe umboze, ukhula ngamandla nangokushesha ngoba uthola zonke izimvula nokushisa kwasehlobo ngokugcwele.

Lungiselela futhi uqale ukufutha amasimu azotshalwa kabusha. Uma in- simu yesimoba izovuselelwa noma izotshalwa kabusha, kubalulekile ukuthi umoba omdala ufuthwe ngophoyizeni (glyphosate) ukuze ushe ufe wonke uphelele noma. Loku kuyaqinisekisa ukuthi awabi khona amavolontiya nezifo ezingaba kumoba omdala ezingacina sezihlasela isimoba esisha. Enza isiqiniseko sokuthi amasimu azotshalwa kabusha entwasa-hlobo uyawahlahla ebusika ukuze ngabo August/September abe esehlume ngokwanele (umoba usufika edolweni) ukuthi uwafuthe ngophoyizeni. Thenga uphoyizeni wakho uqinisekise ukuthi isigubhu sokufutha sisesimweni sokusebenza.

Qinisekisa ukuthi itshalo nehlumela

Isithombe 2: Utshengisa ukusebenza kwemisoco ngokuhlukana kwayo



Qaphela ungeniso noma ungafaki ngaphansi kwesikalo

Umsoco	Ufakwe kancane ☹️	Ufakwe ngokweqile ☺️
N wamaqabunga	Kwehlisa ubushukela (RV) Phazamisa ukukhula komoba Dala amacembe aphuzi	Kwandisa umonakalo wesihlava Kwehlisa ubushukela ogoqweni Kwandisa ukulala komoba
K wesiqu/wekhaba	Amahlamvu aba phuzi ashe emphethweni Kuphazamiseka izimbobo zoku- phefumula emahlamvini.	Vimbela ukutholakala kweminye imisoco Kwehlisa ubushukela Kwandisa umlotha
P wezimpande	Amahlamvu ayazaca abema- fushane Umoba uyazaca	Kuphazamisa ukutholakala kweminye imisoco.

Emva kokuhlahla

Qaphela isimo sezulu kumele kube nomswakamo ukuze umanyolo uncibilike ungene emhlabathini umuncwe izimpande. Kulabo abanenkasa kumele baqiniseke ukuthi bayanisela emva kokufaka umanyolo ikakhulukazi ebusika.

Amaphuzu abalulekile

- Faka umanyolo olingene ngokulandela izincomo zabakwa FAS (SASRI).
- Sebenzisa uhlobo olunconyiwe ngokwesampula lomhlabathi.
- Ufake ngesikhathi esifanele ukuze wandise isivuno.
- Sebenzisa izindlela ezisemthethweni zokufaka umanyolo.
- Khumbula ukuthi sibulala ukhula ngaphambi kokufaka umanyolo.
- Xhumana nomeluleki wangakini ukuze akusize ekufundeni imiphumela.



Ngqongqozi Gillespie
(Umeluleki wezomoba: SASRI)

Ulusha Nezolimo



“Ukuba Umphathi wepulazi kungifundise ama-khono ebengingazazi ukuthi nginawo. Abeze abantu abasha, ukulima akuyona into abayicabangayo. Ipulaza liba ilento ofuna libe yiyona. Uma ufuna likhule liyakhula, uma ufuna ukwenza umsebenzi ube yinto enzima kubanzima. Luningi kakhulu usizo olukhona embonini kashukela kubalimi abasebasha” – kusho uMhlengi Mkhize.

Lapho intsha eningi iqhela kwezolimo, kuyathokozisa ukuzwa amazwi afana nalawa eqhamuka kumlimi osemusha nozimisele embonini yomoba. UMhlengi Mkhize oneminyaka nga25 ungumagcino kubafana abane. Uqale ngokubambisana nobaba wakhe uMnu. Mkhize waze wathatha umsebenzi wokuliphatha ipulaza ngowe 2010.

UMnu. Mkhize yize ebenguthisa, ubehlale enaso isifiso sokuba umlimi. Ukhule ebuka ubaba wakhe ekwazi ukuphilisa umndeni wakhe ngokulima. Ngokukhula wabona ukuthi umuntu angaziphilisa ngokulima. Ngonyaka wezi 2007 uMnu. Mkhize wathola ithuba eliyimvela kancane lokuthenga ipulaza lomoba kumlimi elingamahektare ayi187 kwaMaphumuzana eNyoni. Ngokuqhubeka kwesikhathi wakwazi ukwandisa ipulaza lakhe wathenga elinye elingamahektare anga205. Indawo ekulinywe kuyo umoba uma seyiphelile amahektare anga350. Ukukhula kwendawo ekumele ayibheke wabona ukubaluleka kokuthi kube khona ilunga lomndeni elizobambisana naye lithole ulwazi oluphelele ngokulima umoba. Indodana yakhe ewumagcino uMhlengi wabonisa intshisekelo njengoba namhlanje seliphethwe nguye ipulaza. Kodwa ke, lokhu akuzanga kalula kuMhlengi.

Wayefisa ukuya enyuvesi ayokwenza izifundo zezentengiso (Bachelor of Commerce). Kodwa, wabona kuyithuba elihle ukusebenzisana nobaba wakhe walandela izeluleko zakhe zokuthola uqeqesho ekulimeni umoba. Uqale izifundo zakhe zokulima umoba nokuphatha ipulazi ngokwenza i-Junior Certificate Course yakwaSASRI. Ngokusho kwakhe uthi lokhu kwamvula amehlo, wabona ukuthi kuningi ekusamele akufunde. Walandelisa ngokwenza uhlelo lwe-Internship KwaShukela Training Centre ngonyaka wezi2010, ube eseliphatha ngokuphelele ipulaza. Kodwa lokhu akumuvimbanga ukuthi aqhubeka azithuthukise. Njengoba esho ukuthi lezifundo azenzile kanye nokuthola izeluleko kubalimi abaseduze kumenze wabona ukuthi kubalulekile ukuhlala ethola ulwazi. Ngonyaka wezi2011 uye wenza iSenior Certificate Course yakwa-SASRI yezokulima umoba.

Enye yezinqinamba ezinkulu abahlangabezane nazo ekuthengeni ipulaza lokuqala, imihlabathi ibingemihle kakhulu kanti nomoba ubusumudala kusatshalwe izinhlobo ezindala zomoba. Bekusatshalwe i-NCo376 kanye no-N29 obuhlupha kakhulu ngesifo sokuthomba. Emva kwesomiso sange2009, isivuno sehla kakhulu bakhqhiza amathani ayi2000 kuphela ipulazi ngalinye. Njengoba uMnu Mkhize ayewathenge ngemali ayibolekile lamapulazi baye bahlangabezana nobunzima ngasezimalini, futhi nolwazi lokulima engenalo kahle. Ukuqeqesheka kukaMhlengi ngokulima umoba nokudluliselwa ukuphathwa kwepulazi ngokuphelele ngonyaka wezi2010 kwaba isinyathelo esihle kakhulu. Kunohlelo lokulima kabusha olulandelwayo, lokhu sekusize kakhulu ekutshaleni izinhlobo zomoba ezintsha. Ukuzimisela nokusebenza kanzima kuye kwasiza ekunyuseni isivuno sasuka kumathani ayi4000 safika kwayi8000 ngonyaka wezi2011.



Ngubong Bhengu
(Umxhumanisi wabalimi nabeluleki bezomoba: SASRI)

Impumelelo ka Mnu. Mkhize iqhamuke

- Ekubeni nelunga lomndeni elinolwazi kanye nokuqeqesheka kwezokulima umoba nokuphathwa kwepulazi.
- Ukusondelana nabeluleki bakwaSASRI nokusebenzisa izeluleko kususize kakhulu.
- Engikuhambise phambili kakhulu ukubuyisela inzuzo emasimini ngingajahi ukuthenga izinto ezibonakalayo.
- Usizo lukhona embonini kashukela, ngiyayikhuthalela imihlangano ebizwa izakhiwo zomboni ngoba kukhona engikuthola okuwusizo kuyo.



Amazwi avela kuMhlengi

- Akulula ukuphatha abantu asebekhulile nabanezinkolelo ezahlukene. Kodwa, ngifunde amakhono okuphatha nokuxhumana nabantu ngokuba umphathi wepulazi.
- Okunye engikufundile nengingakudlulisa kwabanye abalimi netsha ukuthi empilweni uhlale ufunda okusha ngoba izindlela zokulima ziningi. Kubalulekile ukuthola uqeqesho nezifundo zokulima umoba uphinde uxhumane ubonise nabalimi abasondelene nawe asebenesikhathi belima. Lokhu kukusiza ekufundeni izindlela ezahlukene zokulima nokwenza izinto ensimini. Kuzo zonke izifundo engizenzile bengiphuma ngifunde okusha.



ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; ngoMasingana, uNhlaba nangoMandulo

Imibono nemibuzo: Sifiso Hlela: 031 508 7511
Email sifiso.hlela@sugar.org.za